




GEC IBANGA LESI-9 IPHROJEKTHI YENHLANGANISELA
ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA / ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
INCWADI YOMFUNDI



Igama Lesikole

:

Igama Lomfundi

:

Ikilasi

:

3 ENTREPRENEURSHIP
EMPLOYABILITY
EDUCATION

UKUFUNDA OKUSEKELWE KWIPHROJEKTHI | ISIFUNDO OKUSEKELWE KUSO: I- LO



basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



**Ibanga
2026**

9


Life Orientation Anchor Integrated Project

Languages Summary of Worksheets

Worksheet Number	Subject Total Mark Worksheet	Subject Total Mark Worksheet	HL		FAL	
	HL	FAL	Marker	Mod	Marker	Mod
4.1 (HL)	20		_____	_____		
4.3 (HL)						
4.2 (FAL)		20			_____	_____
4.3 (FAL)						
12.1 (HL)	30		_____	_____		
12.2 (HL)						
12.3 (HL)						
12.4 (FAL)		30			_____	_____
12.5 (FAL)						
12.6 (FAL)						
15.1 (HL)	20		_____	_____		
15.2 (FAL)		20			_____	_____
GRAND TOTAL	70	70	_____	_____	_____	_____



LO-ANCHORED INTEGRATED PROJECT



WHO AM I & HOW WILL I BUILD MY FUTURE?



Le infographic ikhombisa ukuthi zonke izifundo zakho zasesikoleni zixhumana kanjani ndawonye kwiphrojekthi eyodwa enkulu ehlanganiswe yi-**Life Orientation**. Le phrojekthi ikusiza ukuthi **uziqonde** kangcono, mayelana **namathuba emisebenzi esikhathi esizayo** kanye **namakhono** owadingayo ukuze uphumelele.

Life Orientation (LO) - Isizinda sePhrojekthi

I-**Life Orientation** iyisifundo esiyisizinda esixhumanisa ezinye izifundo. Igxila kulokhu:

- Ukuziqonda **wena**
- Ukuhlola **amathuba emisebenzi nokubhala izincwadi ezisemthethweni**
- Ukubona **amathuba ahlukahlukene**

Zonke ezinye izifundo zisekela lokho okufunda kwi-**LO** nokuthi isifundo ngasinye sixhumana kanjani ne-**LO**

1. Izilimi (Ulimi Lwasekhaya Nolimi Lokuqala Lokwengeza)

Uzokwenza lokhu:

- **Ucwaningo**
- Ukubhala **umbiko**
- Ukwethula **inkulumo**

La makhono akusiza ukuthi wethule kahle imibono yakho.

2. I-Social Sciences

Uzohlolwa lokhu:

- **Ubandlululo** nemithetho yakudala
 - **Umlando ngemisebenzi**
 - Indlela **umphakathi** owakha ngayo amathuba
- Lokhu kukusiza ukuthi uqonde isimo ngekusasa lakho.

3. I-Creative Arts

Uzosebenzisa:

- **Umdlalo, umdanso, umculo** kanye **nobuciko bokudweba**
 - Amasiko nemibono kanye nokuveza ubuwena.
- Lokhu kwakha ubuciko ongabusebenzisa kunoma yimuphi umsebenzi.

4. I-EMS (Economic & Management Sciences)

Uzofunda ngalokhu:

- **Ibhizinisi nomnotho**
- **Ukusungula ibhizinisi**
- **Ukukhangisa nezezimali**

La makhono akusiza ukuthi wazi kangcono ngemali nemisebenzi kwezamabhizinisi.

Inhlanganisela: Zonke Izifundo Zisebenza Ndawonye

Iphrojekthi yakho ihlanganisa **wonke amakhono avela kuzo zonke izifundo**.

Lokhu kusho ukuthi:

- Iphrojekthi **EYODWA**
- Izifundo **EZININGI** zikusiza uthuthukise amakhono empilo.
- Ufunda ukuthi okufundwa esikoleni kuxhumana kanjani nempilo.



Ngaphambi kokuba iphrojekthi iqale, **bonke abafundi kufanele:**

Basebenzise ukuhlolwa kokuziqonda okunikezwe Inkundla yothisha yokuxhumana (i-**TeacherConnect**) ukubalekelela bathole umsebenzi ohambisana namakhono abanawo. Ukuhlolwa kokuziqonda kutholakala kwi-WhatsApp kule nombolo +27 60 060 3333.

Sikena i-QR khodi ukuze ungene kalula:



Vula uhlelo luka-*WhatsApp* kumakhalekhukhwini wakho bese uthumela la magama angukhiye: *IGO* kumlayezo ka-*WhatsApp* kwinombolo ye-**TeacherConnect**. Qaphela ukuthi amagama angukhiye awanamgomo ekusetshenzisweni kosonhlamvukazi (ngalokho ungawabhala ngezinhlamvu ezinkulu noma ezincane). Qinisekisa ukuthi akunazikhala phakathi kwezinhlamvu i, g kanye no-o.

- Xoxa ngezinhlobo zemibuzo ehambisana nenhlolokhono yocwaningo ngezemisebenzi kanye nangamathuba ebhizinisi.
- Funda uphinde uxoxe ngemibuzo engavela ngezansi ukuze uqonde uphinde uvumele abafundi ukuba baqambe eyabo imibuzo njengenxenye yocwaningo lwabo
- Chaza amagama amasha/ulwazimagama ukuze wakhe umqondo kwimibuzo engavela ngezansi.
- Chaza uphinde ukhombise kubafundi ukuthi bangayisungula kanjani imibuzo yocwaningo nokuthi bangalwenza kanjani ucwaningo.
- Khombisa kubafundi ukuthi yenziwa kanjani futhi kungani kubalulekile ukuveza imithombo yolwazi njengenxenye yomsebenzi wocwaningo.

Kule phrojekthi, othisha bezilimi bazohola abafundi ezindaweni ezahlukene bagxile **kuLimi Lwasekhaya (HL) kanye noLimi Lokwengeza (FAL)**, ngesikhathi amazinga omabili olimi elandela izigaba ezintathu ezifanayo. **Ucwaningo, Ukubhala, kanye Nokwethula Inkulumo.** Lezi zabelo zihambisana nohlelo lwephrojekthi yeBanga lesi-9 ye-*GEC*, lapho uLimi Lwasekhaya lugxile **kwezeMisebenzi** kanti oLokuqala Lokwengeza lugxile **Emathubeni eBhizinisi**.

Ulimi Lwasekhaya (HL): Ukugxila kwezeMisebenzi

Abafundi bazohlolwa ngomsebenzi ohambisana nalokho abanamandla kukho, intshisekelo kanye nemiphumela ye-*LO* Yokuhlola Ukuziqonda.

Baqedela:

- **Ucwaningo:** Baxoxisana nochwepheshe womsebenzi othile bese beqoqa ulwazi emithonjeni ehlukehlukehene.
- **Ukubhala:** Babhala **Umbiko Wocwaningo Osemthethweni** ophendula imibuzo yocwaningo lwabo besebenzisa ubufakazi obuvela ku-*LO*, *SS* kanye ne-*EMS*.
- **Ukwethula Inkulumo:** Bethula imiphumela yemisebenzi yabo esekelwe ngezinto zobuciko be-*Creative Arts* (amaphosta, izinsiza, izithombe).

**Kungani Ulimi Lwasekhaya lugxile kwezeMisebenzi:**

Ulimi Lwasekhaya ludinga izinga eliphezulu lokufunda ngokuqondisisa nokubhala okwengeziwe. Umbiko Osemthethweni udinga ulimi lwezemfundo olujulile kanye nokucabanga okuhlelekile, okwenza uLimi Lwasekhaya lube ngolufanelekile.

Ulimi Lokuqala Lokwengeza (FAL): Ukugxila Emathubeni Ebhizinisi

Abafundi bahlolwa ngomqondo webhizinisi ongase usebenze emphakathini wabo.

Baqedela:

- **Ucwaningo:** Baxoxisana nomnikazi webhizinisi elithile bese beqoqa ulwazi ngezidingo zezimakethe kanye nemisebenzi yebhizinisi.
- **Ukubhala:** Babhala **Incwadi Esemthethweni** esekelwe ocwaningweni lwabo.
- **Ukwethula Inkulumo:** Bethula **umqondo webhizinisi** labo ngokucacile nangokugculisayo.

Kungani Ulimi Lokuqala Lokwengeza lugxile Emathubeni Ebhizinisi:

Ulimi Lokuqala Lokwengeza lugcizelela ukuxhumana okusetshenziswayo nokusebenzayo.

Incwadi Esemthethweni ivumela abafundi ukuthi basebenzise ulimi ezimweni zempilo nezomphakathi ezidinga ukucaciswa, inhloso kanye nezakhiwo ezilula ezihlelekile.



UMSEBENZI WESI-4.1

Sebenzisa ithebula elingezansi ukulungiselela inhlokhono nomuntu osebenza **umsebenzi** oyiphupho lakho. Lena yindlela enhle yokwenza ucwaningo nokuthola ukuthi ngabe uzowuthanda yini umsebenzi owukhethile. Phinda ubhale ithebula elingezansi bese wengeza okungenani imibuzo emi-2. Sebenzisa leli phepha ukwenza inhlokhono bese ubhala izimpendulo kwikholomu yesibili.

IGAMA LESIKOLE:

IGAMA LOHLOLAYO/ OBUZAYO: IBANGA:

IGAMA LOHLOLWAYO/ OBUZWAYO:

UHLOBO LOMSEBENZI OWUKHETHILE:

UMBULO WOCWANINGO:

IMIBUZO YENHLOLOKHONO	IZIMPENDULO ZENHLOLOLWAZI
Indlela Yomsebenzi Kanye Nokungena Emsebenzini Yiziphi izinyathelo owazithatha ukuze uthole lo msebenzi? Yimaphi amakhono ayebaluleke kakhulu usaqala lo msebenzi wakho?	
Amaqiniso Ansuku Zonke Ngichazele ngosuku olujwayelekile – yiziphi izingxenywe ezikujabulisa kakhulu?	
Izinselelo Nokukhula Yiziphi izinselelo ezinkulu obhekana nazo? Yimaphi amakhono amasha okudingekile ukuthi uwafunde?	
Ikusasa Lalo Msebenzi Yiziphi izinguquko ozibona zithinta lo msebenzi eminyakeni emi-5 ezayo? Uzicacisa kanjani unentshisekelo futhi uqhubeka ukhula kulesi sikhundla?	
Iseluleko Yisiphi iseluleko ongasinikeza umuntu ofana nami ofuna ukufinyelela kuleli banga?	
Umbuzo (Qamba owakho umbuzo)	
Umbuzo (Qamba owakho umbuzo)	



UMSEBENZI WESI-4.2

Sebenzisa ithebula elingezansi ukulungiselela inhlolokhono nomnikazi **webhizinisi**. Khetha umuntu osevele enebhizinisi noma ophethe ibhizinisi ngempumelelo ongazibona nawe uliqala esikhathini esizayo. Yengeza imibuzo emi-2. Sebenzisa leli phepha ukwenza inhlolokhono bese ubhala izimpendulo kwikholomu yesibili.

IGAMA LESIKOLE:

IGAMA LOHLOLAYO/ OBUZAYO: IBANGA:

IGAMA LOHLOLWAYO/ OBUZWAYO:

UHLOBO LOMSEBENZI OWUKHETHILE:


UMBIZO WOCWANINGO:

IMIBUZO YENHLOLOKHONO	IZIMPENDULO ZENHLOLOLWAZI
Ukusungulwa Nokwethulwa Kwebhizinisi Yini eyakugqugquzela ukuthi uqale leli bhizinisi, futhi wawuguqula kanjani umcabango wakho ukuba ube yinto esebenzayo? Yini eyaba yinselelo yakho enkulu onyakeni wokuqala? Waluxhasa kanjani uhlelo lwakho lokuqala ibhizinisi?	
Ukusebenza kanye Nethimba Uwuhlela kanjani umsebenzi wakho wansuku zonke ukuze uhlale usezingeni? Wasiqasha nini isisebenzi sakho sokuqala, futhi yiziphi izimfanelo owawuzifuna?	
Izinselelo Yisiphi isinqumo esinzima kakhulu owake wasithatha njengomnikazi webhizinisi, futhi wafundani kuso?	
Ukukhula Yiliphi isu elibalulekile elisize ibhizinisi lakho ukuba lisuke ekufufuseni libe ngelithuthukile? Ezobuchwepheshe (isib. amathuluzi e-AI) ziwuguqule kanjani umsebenzi wakho? Ulibona likuphi leli bhizinisi lakho eminyakeni emi-5 ezayo?	
Iseluleko Yisiphi iseluleko ongasinika umuntu oqala ibhizinisi lakhe?	
Umbuzo (Qamba owakho umbuzo)	
Umbuzo (Qamba owakho umbuzo)	

[illegible]



Ngokohlobo lomsebenzi owukhethile kuMsebenzi wesi-6.1 kanye noMsebenzi wesi-6.2 (Otholakala kwincwajana ye-LO), manje kufanele ukhethe ukuthi iyiphi indlela yezemfundo okufanele uyilandele ukuze ufeze iphupho lakho lomsebenzi owufisayo noma izinhloso zebhizinisi. Gcwalisa kumbhalo osabulwembu ongezansi usebenzisa amaphuzu abalulekile namabinzana (buza okulandelayo). Ekugcineni uzosebenzisa lo mbhalo osabulwembu ukuhlela uphinde ubhale umbiko noma incwadi esemthethweni, namathela esihlokweni uphinde ubale konke lokhu okufundile ngohlobo lomsebenzi owukhethile noma ngethuba lebhizinisi.





UHLA LOKUBHEKA UCWANINGO: (Awekho amamaki anikeziwe)

IMIYALELO: Sebenzisa uhla olulandelayo ukuze ubone inqubekela phambili yocwaningo lwakho.

	ISILULAMAGAMA	Hlola
1	Ukuchaza ngokucacile imibuzo yocwaningo	
2	Ukuthola ulwazi olufanele kuzizindalwazi ezehlukene.	
3	Ukuhlolisisa ubuqiniso bezizindalwazi	
4	Ukwenza amanothi ngolwazi olubalulekile	
5	Ukubalula imithombo yesizindalwazi ngendlela efanele.	
6	Ukwenza inhlololwazi/ inhlolokhono njengegxenye yomsebenzi wophenyo.	
7	Ukubhala ngendlela nangobunono izimpendulo zenhlololwazi/ inhlolokhono	
8	Ukusebenzisa ulwazi oluthole ocwaningweni ukwakha izimpendulo zemibuzo yocwaningo.	
9	Ukusebenza ndawonye njengeqoqo/ njengeqembu	
10	Ukwethula umsebenzi ngosuku noma ngaphambi kosuku olumiselwe.	



**ULIMI LWASEKHAYA
IRUBHRIKHI YOCWANINGO:**

IZIMISO/IMIGOMO/IMIBANDELA	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
Imibuzo Yocwaningo (3)	3	2	1	0
	Iyanemba kakhulu, ingaphenduleka, iqondene nohlobo lomsebenzi, inikeza umhlahlandlela ocacile wocwaningo.	Icacile futhi iyanemba kodwa ayihlelekile kahle.	ikhona kodwa ayicacile kahle, futhi ayinembali kahle.	Iyashoda noma ayihambisani nophenyo.
Indlela Nenqubo Yocwaningo (4)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	4	3	2 – 1	0
	Indlela ejulile eveza yonke imithombo edingekayo: ukuziqonda ngokwe-LO, inhlolokhono eyodwa, (SS) ucwaningo ngemithetho yobandlululo. (EMS) ukusebenza kwamabhizinisi, inqubo ecacile.	Inqubo icacile, kusetshenziswe imithombo engaphezulu kowodwa, kodwa eminye imininingwane ayiveli.	Indlela yokwenza elinganiselwe kanye nokuntula imithombo noma kunenqubo engacacile.	Ayikho nhlobo indlela, kuncane kakhulu okuveza ubufakazi bocwaningo.
Okutholakele Ocwaningweni Kanye Nokuhlaziya (7)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	7 – 6	5 – 4	3 – 2	1 – 0
	Okutholakele ocwaningweni kuyanemba kakhulu, Kuhlaziye ngendlela esezingeni kuphinde kukhombise ukuqonda okucacile. Ulwazi luhlanganiswe lwahambisana nemibuzo yocwaningo.	Okutholakele ocwaningweni kunemba ngokujwayelekile, kunokuhambisana kanye nokuchaza okumbalwa.	Okutholakele ocwaningweni kujwayelekile, kunokuchaza okuningi, kanye nokunemba okulinganiselwe.	Okutholakele ocwaningweni akuhambisani, kunokunhlahlatha kuphinde kungapheleli.
Imithombo Kanye Nokwethembeka Kokubhaliwe (6)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	6	5 – 4	3 – 2	1 – 0
	Ukuveza imithombo ngendlela enembayo nokungaguquki, kusetshenziswa indlela elula, okuhlanganisa inhlolokhono engaphezu kweyodwa, neminye imithombo, ukubeka ngamanye amagama okucacile kanye nokusebenzisa imithombo yolwazi.	Ukuveza imithombo okunembayo, nokunamaphutha amancane; uhla lwemithombo luveziwe.	Imithombo engahambisani; ukusebenzisa amanye amagama okunganelisi; ukuthembela ekukopisheni.	Ayivezwanga imithombo, Kunobufakazi bokukopela nokungahambisani okuningi.

UKUPHAWULA: _____

Ukusayina: _____



**ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
IRUBHRIKHI YOCWANINGO:**

IZIMISO/IMIGOMO/IMIBANDELA	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
Imibuzo Yocwaningo (3)	3	2	1	0
	Iyanemba kakhulu, ingaphenduleka, iqondene nohlobo lomsebenzi, inikeza umhlahlandlela ocacile wocwaningo.	Icacile futhi iyanemba kodwa ayihlelekile kahle.	ikhona kodwa ayicacile kahle, futhi ayinambi kahle.	Iyashoda noma ayihambisani nophenyo.
Indlela Nenqubo Yocwaningo (4)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	4	3	2 – 1	0
	Kuchazwe ngokugcwele ukuthi ulwazi luqoqwe kanjani kusetshenziswa imithombo eyahlukahlukeni, indlela iyalandeleka, icacile futhi efanelekile.	Inqubo icacile, kusetshenziswe imithombo engaphezulu kowodwa, kodwa eminye imininingwane ayiveli.	Indlela yokwenza elinganiselwe kanye nokuntula imithombo noma kunenqubo engacacile.	Ayikho nhlobo indlela, kuncane kakhulu okuzeza ubufakazi bocwaningo.
Okutholakele Ocwaningweni Kanye Nokuhlaziya (7)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	7 – 6	5 – 4	3 – 2	1 – 0
	Okutholakele ocwaningweni kuyanemba kakhulu, Kuhlaziye ngendlela esezingeni kuphinde kukhombise ukuqonda okucacile. Ulwazi luhlanganiswe lwahambisana nemibuzo yocwaningo.	Okutholakele ocwaningweni kunemba ngokujwayelekile, kunokuhambisana kanye nokuchaza okumbalwa.	Okutholakele ocwaningweni kujwayelekile, kunokuchaza okuningi, kanye nokunemba okulinganiselwe.	Okutholakele ocwaningweni akuhambisani, kunokunhlahlatha kuphinde kungapheleli.
Imithombo Kanye Nokwethembeka Kokubhaliwe (6)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	6	5 – 4	3 – 2	1 – 0
	Kusetshenziswe imithombo eyahlukene ngempumelelo nangendlela engaguquki. Kusetshenziswe amanye amagama ngendlela enembayo; kunokuthembeka kokubhaliwe okucacile	Imithombo ikhethwe ngendlela efanele yaphinde yasetshenziswa kahle, kunamaphutha ambalwa.	Kusetshenziswe imithombo ngendlela enomkhawulo neguqukayo. Kuzanyiwe ukusekela ngemithombo kodwa kunamaphutha; kunokusebenzisa amanye amagama okunganelisi	Ayivezwanga imithombo, Kunobufakazi bokukopela nokungahambisani okuningi.

UKUPHAWULA: _____

Ukusayina: _____



Isihloko somsebenzi: *Umsebenzi Wekusasa Lami— Umbiko Wocwaningo Oyinhlanganisela (HL)*

Umbuzo oqondisayo:

Yimuphi umsebenzi ongifanele, futhi umlando waseNingizimu Afrika, izimo zebhizinisi zanamuhla kanye namandla ami kukuthinte kanjani lokhu kukhetha? (Sebenzisa imiphumela yokuhlola ukuziqonda ye-LO, ucwaningo lwe-SS ngemithetho yobandlululo, ulwazi lwe-MS, kanye nomsebenzi wobuciko ukusekela impendulo yakho.)

Umkhqizo (Umbhalo omude odlulisa umyalezo obhalwe ngoLimi Lwasekhaya): Umbiko wocwaningo obhalwe ngokusemthethweni **ngoLimi Lwasekhaya** onombuzo ocacile wocwaningo, indlela yokusebenza, okutholakele, ingxoxo nesiphetho, **uhlu lwemithombo** kanye **nomfanekiso owodwa ochazwe ngokubonakalayo** (umfanekiso) owenze kwi-Creative Arts (isib. iphosta/i-infographic) ukusekela lokho okutholile. (Imibiko iyindlela yokubhala evunyelwe oLimini Lwasekhaya, “Ukubhala Nokwethula”).

Ubude: umzimba wombiko awube namagama **ayi-160 kuya kwayi-180** (kungafakiwe isihloko, izihlokwana, imithombo nencazelo yomfanekiso). Lokhu kuhambisana nezinga leBanga lesi-9 loLimi Lwasekhaya kanye nezidingo ze-CAPS ezigcizelela ubude, ifomethi nolimi olufanele.

Kungani kunalezi zingxenye? I-CAPS yoLimi Lwasekhaya idinga ukuthi ubhale ngenhloso nangezethameli ezithile, usebenzisa **ifomethi efanele, ulimi olusemthethweni**, kanye **nokuhleleka okuhle**; umbiko ukusiza ukukhombisa ukuhlela, ukuhlanganisa ucwaningo, kanye nokufinyelela esiphethweni esicacile.

Izingxenye ezimiselle (sebenzisa lezi zihloko):

1. **Isihloko**
2. **Umbuzo Wocwaningo** (ukuphendula umbuzo owodwa ngokucacile)
3. **Indlela** (indlela oqoqe ngayo ulwazi: Ithuluzi lokuhlola ukuziqonda le-LO; ingxoxo nochwepheshe **oyedwa**; imithombo ye-SS; amanothi e-EMS; noma ama webhusayithi/izincwadi)
4. **Okutholakele Nengxoxo**
 - **LO:** iphofayili emfushane yakho (amandla/intshisekelo) okuxhumana nomsebenzi.
 - **SS:** *umthetho owodwa wobandlululo owufundile*; chaza **imbangela nomphumela wawo** nokuthi lowo mlendo usawathinta kanjani amathuba/nezinqumo zanamhlanje.
 - **EMS:** chaza ukuthi imisebenzi **emibili kweyisishiyagalombili yokusebenza kwebhizinisi** kungamphazamisa kanjani umuntu kulo msebenzi (isib. Ukumaketha noma ukusiza abasebenzi ngezempilo/ indawo yokulungisa ugesi ezimotweni)
5. **Isiphetho** (phendula umbuzo wocwaningo ngokuqondile)
6. **Imithombo** (bheka izibonelo ezilula ngezansi)
7. **Umfanekiso 1.** (faka isithombe esincane sephosta noma umfanekiso wakho we-Creative Arts kanye nencazelo yawo)

Inqubo (khombisa lokhu encwadini yakho yokusebenza):


Hlela → Bhala uhlaka → funda ulungise namaphutha → Okokugcina. (I-CAPS yoLimi Lwasekhaya ilindele inqubo yokubhala ebonakalayo.)



UMSEBENZI WE-12.1 ULIMI LWASEKHAYA

IMIYALELO

- **Ingxenye yoku- 1:** Hlela uhlaka/ amalungiselelo omzamo wokuqala **wombiko**
- Sebenzisa uhlaka oluwumbhala osabulwembu ukwenza amalungiselelo.
- Gxila esihlokweni sombiko: Bika ngohlelo locwaningo





IMIYALELO:

- Ingxenye yoku-1 – Bhala uhlaka/amalungiselelo omzamo wokuqala wombiko wakho.
- Namathela esihlokwani nombiko wakho: Ukubika ngenqubo yocwaningo lwakho.
- NgokoLimi Lwasekhaya umbiko wakho awube namagama ayi-160–180.

Bhala umzamo wokuqala ngenqubo yocwaningo mayelana nomsebenzi owukhethile kanye nokutholakele, usebenzisa lezi zihloko ezilandelayo:

- Isingeniso (umbono, **umbuzo owumhlahlandlela**, inhloso njll.)
- Umzimba (ukulandelana kwamaphuzu, ubani, yini, kuphi, nini, okutholwe ocwaningweni, njll.)
- Isiphetho (Isitatimende sokuphetha, izincomo njll.)

Bhala umbiko ngezinhlelo zophenyo olufanele lowo msebenzi kanye nokutholile.

Isingeniso (Isihloko/ inkinga, okufanele kuxazululwe, inhloso, nokunye.)

.....

.....

.....

.....

Umzimba (Ukuhleleka kolwazi, kuphendulwe imibuzwana enjengokuthi: Ubani? Ini? Kuphi? Nini? imiphumela yophenyo, nokunye)

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

Isiphetho (umusho wokuphetha, izincomo, kanye nokunye)

.....

.....

.....



UMSEBENZI WE-12.3

Bhala umbiko owumzamo wokugcina wengxenywe yoku-1, ngenqubo yocwaningo ngomsebenzi owukhethile kanye nokutholile.

Usebenzise lezi zihloko:

- Isingeniso (umbono, **umbuzo owumhlahlandlela**, inhloso njll.)
- Umzimba (ukulandelana kwamaphuzu, ubani, yini, kuphi, nini, okutholwe ocwaningweni, njll.)
- Isiphetho (Isitatimende sokuphetha, izincomo njll.)



IRUBHRIKHI YOMBIKO: ULIMI LWASEKHAYA

IZIMISO/IMIGOMO/IMIBANDELA				
Ukuhlela kanye nenqubo (3)		Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okungakathuthuki
		3 Ukuhlela okucacile nokuphelele, amaphutha alungiswe ngokuphelele; ushintsho lwenza ukuthi kucace kahle.	2 Ukuhlela akuphelele; amaphutha awalungisiwe ngokuphelele futhi akucacile	1 Akukho ukuhlela; ayibonakali inqubo yokubhala
Isakhiwo sombiko kanye nokuxhumana (6)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	6 - 5 Isakhiwo sihle kakhulu; amaphuzu anokuxhumana nokuhlangana okuhle kakhulu, irejista engaguquki.	4 - 3 Isakhiwo sinamaphutha ambalwa; kunomqondo, amanye amaphuzu anokungaxhumani kahle.	2 Isakhiwo sinamaphutha amancane, ukuthelelana kwamaphuzu akucacile; ukuxhumana akukuhle.	1 Isakhiwo okungesiso, amaphuzu angahlelekile; irejista eguqukayo noma engamukelekile.
Umbuzo wocwaningo kanye nesiphetho (5)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	5 - 4 Umbuzo wocwaningo uhlelekile futhi ukhombisa ulwazi; amaphuzu ahleleke kakhulu; isiphetho siphendula umbuzo ngokucacile.	3 Umbuzo ucacile; iningi lamaphuzu lihlelekile; isiphetho esimukelekile.	2 Umbuzo awucacile; amaphuzu awaphelele; isiphetho asicacile noma asihambisani nesihloko.	1 Awukho umbuzo noma awucacile; amaphuzu awabekiwe kahle, nesiphetho asikho.
Ukuxhumana kolwazi lakwezinye izifundo (8)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	8 - 7 Kukhona ukuxhumana okuhle kakhulu kolwazi lwezifundo ezintathu. Kunomqondo ophelele, kuchazwe kahle kakhulu.	6 - 5 Kukhona ukuxhumana okuhle kolwazi lwezifundo ezimbili. Esisodwa sinemininingwane engaphelele.	4 - 3 Kukhona ukuxhumana kolwazi lwesifundo esisodwa. Kunokuxhumana okujwayelikile noma okungahambisani	2 - 1 Akukho ukuxhumana kolwazi lwakwezinye izifundo; nokuqukethwe akuhambisani / akukhona okulindelekile.
Ukusetshenziswa kwemithombo kanye nokuvezwa kohlu lwemithombo (3)		Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okungakathuthuki
		3 Inhlolokhono nemithombo isetshenzisiwe; uhlu lwemithombo aluguquki. Ucaphune ngendlela efanele.	2 Imithombo isetshenzisiwe; ukuvezwa kwemithombo okuguqukayo. Uncike kakhulu ekucaphuneni.	1 Ayikho imithombo esetshenzisiwe; ayenziwanga inhlolokhono, alukho uhlu lwemithombo.
Ukusetshenziswa kolimi (5)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	5 - 4 Ulimi luhle kakhulu; ulwazimagama lubanzi; konke kwamukelekile; usebenzise inani lamagama elifanele.	3 Unembile kakhulu; amaphutha ambalwa; iphimbo lihlelekile; inani lamagama leqiwe kancane noma ligciniwe.	2 Amaphutha olimi akhona; iphimbo elingamukelekile; inani lamagama alilandeliwe ngokuphelele	1 Amaphutha amaningi olimi; umqondo ongacacile; iphimbo elingafanele; inani lamagama alilandeliwe.

UKUPHAWULA: _____

UKUSAYINA



Ukukhetha Isihloko Sencwadi Esemthethweni

KHETHA ISIHLOKO ESISODWA OLEKELELWE NGASO KULEZI EZINGEZANSI

NgokoLimi Lokuqala Lokwengeza incwadi yakho ayibe namagama ayi-140–160.

Isihloko ngasinye siqukethe ukuthi:

- Incwadi imayelana nani,
- Kungani ungase ukhethe sona,
- Yiluphi ulwazi okufanele ulufake.

INGXENYE A: Isicelo Sokusebenzisa Indawo Yomphakathi

Isihloko: Bhala incwadi esemthethweni ucele imvume yokusebenzisa umtapo wolwazi wasendaweni, ihholo lomphakathi noma ihholo lasesontweni ukwethula umqondo webhizinisi lakho elincane.

Kungani ukhetha lokhu?

- Umqondo wakho webhizinisi udinga indawo yokusebenzela (isib. Ukufundisa, ukuthunga, ukuluka izinwele, usizo lwe khompyutha, umhlangano wangezimpelasonto wokucobelelana ngolwazi).
- Ufuna indawo yamahhala noma ebiza kancane.
Faka lokhu okulandelayo encwadini yakho:
- umqondo wakho webhizinisi uyini
- Kungani le ndawo ifanelekile
- Izinsuku nezikhathi ozifisayo
- Umphakathi uzozuza kanjani
- Imininingwane yakho yokuxhumana

INGXENYE B: Faka Isicelo Semali Yoxhaso Lokuqala Ibhizinisi Elincane

Isihloko: Bhala incwadi esemthethweni eya eHhovisi Lokuthuthukiswa Kwentsha ufake isicelo soxhaso lokuqala ibhizinisi lakho.

Kungani ukhetha lokhu?

- Udinga imali yokuthenga lokhu okulandelayo:
- Izinsiza
- Isitoko
- Ukukhangisa
- Ezokuthutha
- Lokhu kuxhumana ngqo nolwazi olutholakala kwi-EMS (Imisebenzi yebhizinisi: ezezimali, ukumaketha ibhizinisi).

Faka lokhu okulandelayo encwadini yakho:

- Umqondo webhizinisi lakho nencazelo emfishane
- Imali yoxhaso izosetshenziswa kanjani
- Kungani lo mqondo wakho webhizinisi udingeka emphakathini
- Isabelo mali esicacile (lokhu akumiselwe kodwa kuyasiza)
- Ukuzibophezela kwakho kanye nokugququzeleka

INGXENYE C: Cela Umhlangano Noma Ukwelulekwa

Isihloko: Bhala incwadi esemthethweni eya kusomabhizinisi wendawo ucele ukwelulekwa.

Kungani ukhetha lokhu?

- Ubuze usomabhizinisi imibuzo njengengxenye yocwaningo lwakho.
- Ufuna ukwelulekwa, amakhono noma ulwazi lwebhizinisi.



UMSEBENZI WE-12.4 uyaqhubeka

• Ufuna ukuxhumaniseka ngokuphelele kumqondo webhizinisi lakho.
Faka lokhu encwadini yakho:

- Lapho uthole khona ngalo somabhizinisi
- Uyini umqondo webhizinisi lakho
- Kungani udinga iseluleko sabo
- Ungahlangana nini nabo nixoxe ngebhizinisi
- Ukuphetha ngenhlonipho

INGXENYE D: Faka Isicelo Somsebenzi Wangezimpelasonto/ Wangamaholidi

Isihloko: Bhala incwadi esemthethweni ucele umsebenzi wangezimpelasonto noma wangamaholidi wokuvalwa kwezikole ukukusiza ukuthi wonge imali yebhizinisi lakho.
Kungani ukhetha lokhu?

- Udinga imali yokuqala ibhizinisi
- Ufuna isipiliyoni salo msebenzi
- Kubonisa ukuzibophezela ebhizinisini

Chaza lokhu encwadini yakho:

- Usifaka kuphi isicelo
- Amakhono osuvele unawo
- Umsebenzi uzokusiza kanjani ukuthi wongele ibhizinisi lakho
- Isiphi isikhathi ongakwazi ukusebenza ngaso(amahora/izinsuku)
- Iminigwane yakho ongatholakala kuyo

INGXENYE E: Cela Imvume Yokwenza Inhlolovo Yesikole

Isihloko: Bhala incwadi esemthethweni eyaku kuThisanhloko wakho ucele imvume yokwenza inhlolovo esikoleni.

Kungani ukhetha lokhu?

- Ibhizinisi lakho lincike ekuqondeni ukuthi abafundi badingani
- Ufuna ukuqoqa ucwaningo ngemakethe:
 - okungathengwa abafundi
 - iziphi izinsiza abazifunayo
 - amanani abangakwazi ukuwakhokha
- Ungaxhumanisa lokhu nolwazi olutholakala kwi-EMS (Izidingo zemakethe nomsebenzi wokumaketha).

Chaza lokhu encwadini yakho:

- Incazelo emfushane yomqondo webhizinisi lakho
- Kungani udinga inhlolovo
- Uzoyenza kanjani inhlolovo
- Okutholakele kuzokusiza kanjani ekuhloleni kwakho.
- Ukuqinisekiswa ngokuziphatha kanye nokugcina imfihlo



UKUHLELA UKUBHALA INCWADI YEBHIZINISI/ YAKOMKHULU/ YOMTHETHO

UHLAKA/ IBALAZWE ELIYISIHLAHLA

Bhala incwadi yebhizinisi/ yakomkhulu/ yomthetho ucele ukuxhaswa ngezimali zokuqala ibhizinisi lakho.

Isingeniso

Umzimba

Isiphetho

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....

.....



UMSEBENZI WE-12.5

IMIYALELO YOMFUNDI:

- **Ingxenye Yesi-2: Hlela uhlaka/ amalungiselelo omzamo wokuqala wokubhala incwadi Esemthethweni**
- Sebenzisa uhlaka oluwumbhalo osabulwembu oluku **Msebenzi we-12.4** ukukulekelela ukwenza amalungiselelo omzamo wokuqala.
- Sebenzisa amakhono ekhulu leminyaka yama-21: Ukuhlanganyela, ukujula ngokomcabango, ukuxhumana kanye nobuhlakani.
- Adhere to the topic of your letter: Requesting sponsorship
- Namathela esihlokwini osikhethile: Isicelo Sokuxhaswa Ngezimali.

UKUHLELA UKUBHALA INCWADI YEBHIZINISI/ YAKOMKHULU/ YOMTHETHO

Bhala incwadi yebhizinisi/ yakomkhulu/ yomthetho/ yomsebenzi ucele uxhaso lwezimali zokuqala ibhizinisi lakho.

Isikhala sekheli lalowo obhalayo

.....

Usuku:

Isikhala sekheli lalowo obhalelwayo

.....

isibingelelo

Isihloko

Isingeniso

.....
 Amaphuzu ama-3 asemgoka

.....
 Isiphetho

Yimina ozithobayo

Igama nesibongo

Ukusayina

UMSEBENZI 12.6 UYAQHUBEKA

This image shows a full page of primary-ruled notebook paper. It features a series of horizontal dashed lines for writing, with a solid line at the top margin. The paper is otherwise blank, with no text or other markings.

IRUBHRIKHI YOKUMAKA INCWDI ESEMTHETHWENI



IZIMISO/IMIGOMO/IMIBANDELA		Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okungakathuthuki
Ukuhlela Kanye Nenqubo Yokubhala (3)		3	2	1
		Ukuhlela okucacile nokuphelele, amaphutha alungiswe ngokuphelele.	Kukhombisa ukuhlela, kukhona ukulungiswa kwamaphutha okumbalwa.	Kukhombisa ukungabibikho kokuhlela kanye nenqubo yokubhala.
Ifomethi Kanye Nesakhiwo (6)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	6 - 5	4 -3	2	1
	Ifomethi kanye nesakhiwo kuhle kakhulu.	Kulandelwe ifomethi efanele kanye nesakhiwo esinamaphutha ambalwa.	Ifomethi enamaphutha amaningi, nesakhiwo esingaphelele	Akuhambisani nhlobo nefomethi kanye nesakhiwo.
Inhloso, Izethameli Kanye Nokusetshenziswa Kolimi Nephimbo Okwamukelekile (5)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	5 – 4	3	2	1
	Inhloso icace kahle kakhulu, ulimi nephimbo kusetshenziswe ngendlela esezingeni eliphezulu.	Inhloso icace kahle, ulimi nephimbo kusetshenziswe ngendlela efanele.	Inhloso ayicacile kahle, ulimi nephimbo kubuye kusetshenziswe ngendlela engafanele.	Ayicacile inhloso, Kusetshenziswe ulimi kanye nephimbo ngendlela engafanele.
Okuqukethwe Kanye Nokuthelelana Kwamaphuzu (7)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	7 – 6	5 – 4	3 – 2	1
	Amaphuzu acace kahle kakhulu. Kunokuthelelana okuhle. Izigaba zibunjwe kahle kakhulu.	Amaphuzu ahambisana kahle. Kubuye kube khona ukungahambisani nesihloko okumbalwa. Izigaba ezinelisayo.	Kukhombisa ukuphindeka kwamaphuzu, kunokungahambisana nesihloko, nokungabibikho kokuxhumana kwezigaba.	Kukhombisa ukungahleleki, amaphuzu awacacile futhi awahambisani.
Ukusetshenziswa Kolimi, Isipelingi Kanye Nezimpawu Zokuloba (6)	Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okusathuthuka	Okungakathuthuki
	6 – 5	4 – 3	2	1
	kunamaphutha amancane kakhulu, ulimi oluhle kakhulu kanye namaphutha ambalwa ezimpawini zokuloba. Amaphutha awawuphazamsisi umqondo.	Kunamaphutha amabalwa ekusetshenzisweni kolimi, isipelingi kanye nezimpawu zokuloba. Umqondo unokuphazamiseka okuncane.	Kunamaphutha amaningi ekusetshenzisweni kolimi, isipelingi kanye nezimpawu zokuloba. Umqondo ubuye ungacaci.	Kunamaphutha amaningi ngokweqile ekusetshenzisweni kolimi, isipelingi kanye nezimpawu zokuloba. Umqondo ongacacile.
Inani Lamagama Elifanele (3)		Okuthuthuke kakhulu	Okuthuthuke ngokusezingeni	Okungakathuthuki
		3	2	1
		Kusetshenziswe inani lamagama elilindelekile. Kukhombisa ukuyilandela kahle kakhulu imigomo ebekiwe.	Kusetshenziswe inani lamagama elingaphansi noma eleqile kancane kwelilindelekile, kukhombisa ukungayilandeli kahle imigomo ebekiwe.	Kusetshenziswe inani lamagama elingaphansi kwelilindelekile kukhombisa ukungayilandeli nhlobo imigomo ebekiwe.

UKUPHAWULA:

UKUSAYINA



UMSEBENZI WE-15.1

“Kungani lo msebenzi engiwukhethile ungifanele?”

Uma sewethula inkulumo, faka lokhu:

1. Isingeniso

- Shono ukuthi umsebenzi wakho ugxile kuphi
- Nikeza isingeniso esicacile nesihehayo.
- Chaza kafushane ukuthi uwucwaninge kanjani umsebenzi wakho.

2. Iphrofayili Yakho

Chaza:

- Lapho unamandla khona,
- Okuthandayo,
- Ubunjalo bakho kanye nokuthi bukusekela kanjani ukuze ufaneleke kulo msebenzi wakho.

Sebenzisa **ngokucacile nangokuzithemba ulwazimagama loLimi**

Lwakho Lwasekhaya ukuzichaza.

3. Izidingo zomsebenzi

Chaza ukuthi umsebenzi ufakani:

- imisebenzi yosuku
- izibopho ezibalulekile
- amakhono nezimfanelo zakho ezidingekayo

Qhathanisa okudingekayo nalokho onamandla kukho ukuze ukhombise ukuthi kungani ufanelekile.

4. Ubufakazi bocwaningo

Faka okungenani **okukodwa** kwalokhu:

- okufishane okucashuniwe noma ukuqonda okuvela kumuntu obumubuza imibuzo.
- iphuzu elijabulisayo ocwaningweni lwakho
- izibalo noma imininingwane evela emthonjeni othembekile
- indawo yokusebenzela noma isibonelo esikholakalayo.

Lokhu kukhombisa ukwethembeka kwezemfundo futhi kuqinisa iziphakamiso zakho.

5. Sekela ngokubonwayo (Awumiselwe kodwa kuyagqugquzelwa)

Ungasebenzisa lokhu:

- isilayidi esisodwa,
- isithombe esiphrintiwe,
- ilogo noma uphawu lomsebenzi wakho,
- umbhalo obonwayo ofana nalo osetshenziswe kwiprojekthi ehlanganyelwe.

6. Isiphetho

Phetha ngesitatimende esizwakalayo esiphendula umbuzo:

“Kungani lo msebenzi engiwukhethile ungifanele?”

Sebenzisa ulimi olunxenyayo nolunokuzethemba.



ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA

IRUBHRIKHI YOKWETHULA INKULUMO

IZIMISO/IMIGOMO/IMIBANDELA	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
A. Okuqukethwe kanye namaphuzu (3)	5	4	3 – 2	1 – 0
	Kukhombisa ukuba nolwazi olujulile ngomsebenzi awukhethile; amaphuzu acacile futhi ahlelwe kahle. Uyazethemba kakhulu esekelwa ucwaningo lwakhe.	Incazelo icacile; isakhiwo esihlelekile; kunomqondo ozwakalayo.	Amaphuzu awacacile kahle, kunemininingwane emincane kakhulu, kuncane kakhulu ukuxhumana kwenkulumo nalowo oyethulayo.	Amaphuzu awacacile nhlobo, awahambisani nesihloko futhi mancane kakhulu.
	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
B. Ukusetshenziswa Kolimi (Izinga loLimi Lwasekhaya) (5)	5	4	3 – 2	1 – 0
	Ulwazimagama oluhle kakhulu; uyazethemba, kusetshenziswe irejista yoLimi Lwasekhaya ngendlela; amaphutha ambalwa kakhulu.	Usebenzisa ulimi nolwazimagama olwamukelekile.	Maningi amaphutha; ulwazimagama luncane.	Maningi kakhulu amaphutha olimi; kunzima ukulandela.
	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
C. Amakhono Okwethula Inkulumo (5)	5	4	3 – 2	1 – 0
	Uyazethemba, lphimbo elizwakalayo; uxhumana kahle kakhulu nezethameli; kunokukwehla nokwenyuka kwephimbo.	lphimbo elizwakalayo; uyaxhumana kancane nezethameli; ukhuluma ageleze ngendlela efanele.	Akazethembi, okuningi akushoyo ukufunda phansi, kuncane ukuxhumana nezethameli.	Akucacile kahle, konke akushoyo ukufunda phansi, akukho ukuxhumana noma akaxhumani nhlobo nezethameli.
	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
D. Ukuhlenganisa nocwaningo kanye nokuzilungiselela (5)	5	4	3 – 2	1 – 0
	Ubufazi bocwaningo bucacile; uyazisile imithombo; imibhalo ebukwayo isetshenziswe ngendlela; uzilungiselele kahle kakhulu.	Kunobufakazi bocwaningo; imibhalo ebukwayo ejwayelekile; uzamile ukuzilungiselela.	Luncane kakhulu ucwaningo; isakhiwo asisihle; uncike kakhulu embhalweni awubhalile.	Akazilungiselelanga; alukho ucwaningo; akunasakhiwo; azikho izithombe.
	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki

UKUPHAWULA:

UKUSAYINA:



UZOKWETHULA INKULUMO IMIZUZU EMI-2-3 LAPHO UZOBE UCHAZA LOKHU:

“Ithuba lomsebenzi engilikhethile, nokuthi ucwaningo lwami luveza ukuthi lingaphumelela kanjani”

Lokhu kwethulwa kwenkulumo kufanele kunamathele kuyo leyo migomo yocwaningo esetshenziswe kwiphrojekthi yenhlanganisela.

OKUFANELE KUFAKWE ABAFUNDI

1. Isingeniso

Shono **ithuba lebhizinisi** lakho (Isib: elokugeza izimoto, elokulekelela abafundi, itafula lokudla okunempilo, isizinda se-Wi-Fi, ukusiza ngokuhlanza, ukuthunga, njll.).

Shono **umbuzo wocwaningo** lwakho ngoLimi Lokuqala Lokwengeza olulula.

Isibonelo: “Umbuzo wocwaningo lwami bewuthi: Ngabe indawo yokuwasha izimoto egcogcomayo iyithuba elihle lebhizinisi kumphakathi wangakithi?”

2. Izindlela

Chaza ngamafuphi ukuthi uluqoqe kanjani ulwazi:

Ukuziqonda ngokwe-LO (isib: Amandla kwezokuhola, ukuhleleka)

Inhlolokhono eyodwa (usomabhizinisi/ uthisha / ilunga lomphakathi)

Ucwaningo lwe-SS (imithetho yobandlululo nomlando wokungena kumathuba amabhizinisi)

Amanothi e-EMS (ukusebenza kwebhizinisi nokuhlaziya amathuba)

- Umbhalo noma iwebhusaythi

(lokhu kugcina ummomo wesakhiwo uhambisana nombiko woLimi Lwasekhaya)

3. Okubalulekile okutholakele

Inkulumo eyethulwayo ayifake amaphuzu amathathu awubufakazi:

A. Okutholakele kwi-LO: “Kungani leli bhizinisi lingifanele”

Sebenzisa kube kunye noma kube kubili kulokhu onamandla kukho/okuthandayo okusekela ukuqhuba leli ibhizinisi.

Isib: “Ngihlelekile futhi kuyangijabulisa ukusiza abantu. Lokhu kungisiza ukuthi ngikwazi ukuqhuba ibhizinisi lokuhlanza.”

B. Okutholakele kwe-SS: “Umlando usalekelela kanjani ukudala amathuba”

- Khetha **umthetho wobandlululo owodwa**
- Chaza umphumela wembangela eyodwa nokuthi kusakuthinta kanjani ukufinyelela kwezamabhizinisi, imali yokuliqala noma izimakethe esikhathini sanamuhla. (lokhu kubonisa okufanayo okulindeleke kwi-SS njengombiko woLimi Lwasekhaya)

C. Okutholakele kwi-EMS: “Ibhizinisi lingasebenza kanjani”

Chaza iminyango emibili yokusebenza kwebhizinisi kanye nokuthi kungani ibalulekile kwibhizinisi lakho. isib: Umnyango Wokukhangisa Nezezimali, Owokukhiqiza kanye Nezabasebenzi, njll.

4. Ukusekela Ngezithombe (Ozithole ngesikhathi socwaningo)

Bonisa okukodwa **okuncane okubonwayo** (isib: iphosta ye-CA, umdwebo welogo, noma isilayidi esisodwa) bese uchaza ukuthi kungani kuletha amandla kwinkulumo yakho.

5. Isiphetho

Phendula umbuzo wocwaningo ngendlela enembayo:

“Ngalokho ucwaningo lwami lukhombisa ukuthi leli thuba lebhizinisi alilihle/ lihle ngoba...”

6. Ukwazisa Imithombo

Bhala okungenani:

- Umuntu omubuze imibuzo yenhlolekhono,
- Nomthombo owodwa wolwazi (amanothi, izincwadi kanye newebhusaythi)



ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IRUBHRIKHI YOKUMAKA UKWETHULA INKULUMO

IZIMISO/IMIGOMO/IMIBANDELA	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
Okuqokethwe kanye nocwaningo lwenhlanganisela (5)	5	4	3 - 2	1 - 0
	Ithuba lebhizinisi lichazwe ngokucacile. Kufakwe ulwazi lwe-LO, SS, nolwe-EMS ngempumelelo. Ukusetshenziswa kwezithombe kwenza inkulumo ibenesisindo.	Ukuchaza okucacile; ubufakazi obuningi obufanele; Zisetshenziwe izithombe kodwa azihambisani kahle nokukhulunywayo.	Kunobufakazi obumbalwa obuchazayo esikhundleni sokuhlaziya. Zisetshenziwe kancane izithombe.	Luncane noma alukho ucwaningo lenhlanganisela. Imininingwane engacacile noma okungesiyo. Azisetshenziswanga nhlobo izithombe.
Ukusetshenziswa kolimi (5)	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
	5	4	3 - 2	1 - 0
	Ulimi olunembayo, ulwazimagama olufanele loLimi Lokuqala Lokwengeza. Amaphutha awawuphazamisi umqondo	Kunamaphutha ambalwa kodwa umqondo usacacile.	Kunamaphutha amaningi, umqondo ubuye ungacaci kahle.	Kunamaphutha amaningi kakhulu; kunokungaxhumani kahle.
Ukuphimisa Amagama, Ukukhuluma ugeleze (5)	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
	5	4	3 - 2	1 - 0
	Uyazethemba, lphimbo elizwakalayo; uxhumana kahle kakhulu nezethameli; kunokwehla nokwenyuka kwephimbo.	Kucace kahle; unokungazethembi; ubuye afunde phansi.	Akazethembi, okuningi akushoyo ukufunda phansi, kuncane ukuxhumana nezethameli.	Akucacile kahle, konke akushoyo ukufunda phansi, akukho ukuxhumana noma akaxhumani nhlobo nezethameli.
Ukuzilungiselela, isakhiwo kanye nokusetshenziswa kwemithombo (5)	Othuthuke kakhulu	Othuthuke ngokusezingeni	Osathuthuka	Ongakathuthuki
	5	4	3 - 2	1 - 0
	Sicacile isingeniso, indlela yokwethula inkulumo, okutholiwe ngocwaningo nesiphetho; imithombo yazisiwe; uzilungiselele kahle nangamakhadi ahlelekile okuzikhumbuza.	Okuningi kuyalandeleka; amanothi asetshenziswe ngendlela efanele; imithombo idaluliwe.	Silandeliwe isakhiwo kancane; kukhona ukungahleleki; imithombo idalulwe ngokungacacile.	Akunasakhiwo esicacile; akazilungiselelanga; ayaziswanga imithombo.

UKUPHAWULA:

UKUSAYINA: _____

